

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal



You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ [www.saexampapers.co.za](http://www.saexampapers.co.za)



**SA EXAM  
PAPERS**



# basic education

---

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P2)**

**2019**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-35.**

**IMIYALELO YOKUMAKA LELI IPHEPHA**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe.  
**(Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo.)**
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlohleni kanti eyesibili ishaya emhlohleni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. *Imibuzo emide*  
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
8. *Imibuzo emifushane*  
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)****'IZIBONGO ZIKAKUFAKWEZWE' – MSS Gcumisa  
(Umnewethu inkosi yakwaGcumisa engasekho)**

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukubumbeka kwenkondlo kanye nesigqi senkondlo
- Makuxoxwe ngempumelelo yombhali ekubumbeni kwenkondlo ukugqamisa isigqi sayo.
- Makuvezwe uvo lomfundi (Isiphetho)

Isingeniso:

Uma sikhuluma ngesakhiwo sangaphandle sisuke sibhekise ekwakhekeni kwamabinza kanye nemigqa yenkondlo. Sibheka ukuthi inkondlo yakhiwe amabinza amangaki. Ibinza ngalinye libunjwe imigqa emingaki, ubude nobufishane bemigqa kanye nokuvuleka nokuvaleka kwemigqa.

Uma sikhuluma ngesigqi senkondlo kusuke kubhekiswe kumgqumo wenkondlo ukuthi uyashesha noma uyacothoza/uyanensa.

Kule nkondlo kubhekwa ukuthi isakhiwo sangaphandle sihambisana kanjani nesigqi senkondlo.

Umzimba:**Ukubumbeka kwenkondlo ngokwamabinza**

Le nkondlo yakhiwe amabinza amane. Amabinza akalingani kukhona amade namafishane. Ibinza loku-1 nele- 4 lakhiwe imigqa eyi-10. Imigqa ebumbe lama binza ayilingani eminye mide eminye mifishane (emifishane inamagama amabili emide inamagama amane)

Ibinza lesi-2 lakhiwe imigqa eyi-8. Ibinza lesi-3 lona lakhiwe imigqa eyi-13.

**Isigqi senkondlo**

Le nkondlo inesigqi esisheshayo ngasekuqaleni. Lapha imbongi iyatusa. Itusa/Incoma ubuqhawe benkosi yakwaGcumisa engasekho emhlabeni uKufakwezwe.

Imigqa ebumbe lenkondlo iningi layo ivalekile kanti ikhona nembalwa evulekile, emide nemifishane.

Ibinza loku-1

Kuleli binza isigqi siyashesha nakuba zikhonyana iziphumuzi. Amagama asetshenzisiwe azwakala sakuyithopha/sakuyibongela inkosi yaKwa Gcumisa. Uma-ke inyosi ibongela iyaye isheshe. Lokhu kushesha kuhambisana ne-injambamenti etholakala kuleli binza kanye nokweqiwa konkamisa. Isib.

'Ingqungqulu eyabhul'amaphiko

Phezu komuzi esangwen'eTsheni

Zonk'izinyoni zakhothamis'amakhanda'.

Ibinza lesi-2

Kuleli binza isigqi sisashesha ngoba imbongi isayibongela inkosi ngemisebenzi yayo eyayenza isaphila iphinde iveze nozalo lwenkosi. (ithole, elikaLubanjane, elikaManyosi, elikaManyosi, elikaSalimani, elikaMahlomehlathini njl, okungoyisemkhulu bembongi). Nakuba zikhona izimpawu zokuloba ezingokhefana (isikhewu) kodwa azisiguquli isigqi esisheshayo ngoba zisho uzalo lwenkosi olwehlukahlukene.

Imvumelwanosiqalo emgqeni we-12 kuya kowe -14 engu-Eli iyalekelela ukuletha umgqumo osheshayo.

#### Ibinza lesi-3

Kuleli binza isigqi senkondlo sesiyanensa/siyacothoza. Lokhu kwenziwa ubude bebinza kanye nenani lamagama emgqeni yebinza. Amagama emigqeni akhiwe amagama asukela kwama-3 kuya kwama-5.

Eminingi imigqa yaleli binza ivalekile okudala ukuthi isigqi sinense.

#### Ibinza lesi-4

Leli binza lakhiwe imigqa eyi-10. Le migqa yakhiwe amagama asukela kwama-2 kuya kwayisi-8.

Nakuba iminingi imigqa enamagama amaningi kodwa isigqi siyashesha. Kukhona nokweqiwa konkamisa okwenza isigqi sisheshe.

Ukusetshenziswa kokuxhumana okusekugcineni emgqeni wama-34 kuya kowama-35 kanye nokuxhumana okusekuqaleni emgqeni wama-37 kuya kowama-38 nakho kwenza isigqi esisheshayo ngoba le migqa ikhomba ukugcizelela kokuhlasela kwenkosi uKufakwezwe.

Imbongi ibongela itusa inkosi uKufakwezwe ngobuqhawe bayo. Imbongi iveza ubuqhawe bale nkosi eyayihlasela ivula izicabha bayibone isingaphakathi kuvale amadoda. Le nkosi yayingeyodwa inomfowabo uMlindeli.

#### Isiphetho: (Uvo lomfundi)

Imbongi iphumelele kahle ukubumba le nkondlo ngokwesakhiwo nokuveza ukuthi sihambisana kanjani nesigqi sayo ngoba kugqamile nalapho kungahambi kahle isigqi siyacothoza kodwa lapho uma ibonga imisebenzi emihle bese siyashesha.

(Impendulo mayibhalwe njenge-esityi.)

[10]

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)****'AKASEKHO' – LTL Mabuya**

- 2.1 • Isisho✓  
• Isihlonipho✓ (2)
- 2.2 Imbongi inokudideka ayazi ukuthi izokwenzenjani isebenzisa umbuzo mbumbulu okuwumbuzo ongenampendulo wokuthi noma ingamcinga ngeke imthole ngoba ushonile.✓ Ukudideka kwayo kuvezwa ukuthi kade benaye ngaso sonke isikhathi kepha wase ehamba ingazelele kanye nokusetshenziswa kosonhlamvukazi ukukhombisa ukugcizelela okuletha ukumangala okukhulu, kanye nokwethuka✓ (2)
- 2.3 Imbongi ihlose ukugcizelela isimo esiyethusile/engasikholwa✓ njengoba kwenzeka ebeyingakulindele ukushiywa ngumuntu/ukufa komuntu emthandayo ngokuzuma.✓ (2)
- 2.4 Indikimba ukufa/ukushiywa umuntu omthandayo✓. Le migqa inomthelela wokuba ngiqonde ukuthi imbongi iyakwemukela, iyamkhulula othandiweyo wayo izibona nayo isendleleni futhi izinikela ngokumlandela.✓ (2)
- 2.5 La magama asetshenziswe kahle ukugqamisa indlela yothando abebeyihamba ndawonye bebambisene, okukhonjiswa amagama aveza umqondo wokwenzana,✓ Imbongi ingathekisa uthando ngomkhumbi kodwa loluthando iyona ebiyenza isiqinisekiso sokuthi luyakhula alupheli/aluziki.✓ (2)

**[10]****UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)****'IMFIHLO' – MH Mazibuko**

- 3.1 I-okzimoroni.✓ Lesi sifengqo sichaza ukuthi izinyanga nezanusi zihlale zizama ukuxazulula le mfihlo yokufa.✓ (2)
- 3.2 Imbongi ithi kuyenzeka kwesinye isikhathi umuntu atshele omunye ngakuzwile nakubonile kodwa le mfihlo ewukufa angeke utshelwe nawumngani wakho ukuthi injani impilo ekufeni✓ noficwa ukufa/ ombulekelwayo akabuyi azotshela umndeni wakhe kepha uyazithulela athi nabo bozibonela uma sebetholile ukuthi kunjani emuva kokufa.✓ (2)
- 3.3 Leli binza linomoya wokukhathazeka.✓ imbongi ikhathazwa ukuthi abantu asebahamba emhlabeni bayabavakashela abaphilayo babalethele izinhlanhla noma amashwa✓ kodwa akekho noyedwa oweqa umthetho/oyikhiphayo imfihlo yempilo yakhe ngemuva kokufa. ✓ (2)
- 3.4 Inhloso yembongi ukugqamisa ubulukhuni nendida eyimfihlo yokufa✓ Ize ikhulume nethuna ukuthi liyakwazi ukufihla impilo yokwenzeka ngale kokufa okungaqondwa ngabantu abaphilayo. (2)

- 3.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa isimo sokukhuluma ukugqamisa ukuthi abantu abakwazi ukuhlola okwenzeka ngemuva kokufa yize bekwazi ukuhlola ezinye izinto eziyimfihlo ezenzeka emhlabeni.√ Imbongi ithi abantu mabangazami ukuthola izimfihlo zokufa noma okwenzeka emuva kokufa ngoba abasoze bayithole impendulo yakho. √

(2)  
[10]

#### UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

##### 'NGIBONGA NGIYANCONCOZA'- (Imbongi ayaziwa)

- 4.1 Lisacij' izimpond' okweklwa  
Licijwa ngomlalazi.√/  
Umkhondo wokhondolo lwamaklume  
Uyohluma ngengqakazo yemikhondo yanamuhla, (1)
- 4.2 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukukhombisa ukuthi umqondo walokho ekushoyo uphelela emgqeni olandelayo.√ Imbongi ithi iklonyelisiswe ngokuphumelela kwayo ekubhaleni izinkondlo√ isebenzisa ulwazi olujulile olungatholakali kalula.√ (3)
- 4.3 Lo mugqa uqukethe umoya wokuncenga/wokunxusa.√ Imbongi inxusa laba abayisizile bayifundisa ukubhala yaphumelela ukuthi baze bangayeki baqhubeke nokufundisa abanye abasafunda ukubhala ngoba ababhali bakusasa yibo laba ababafundisa manje.√ (2)
- 4.4 Imbongi isebenzise ithoni yokuhlalalisa/yokujabula. Kunomthelela wokuthi ayisaziboni isezingeni eliphansi kodwa isikwelinye izinga njengoba seyaziwa nangabantu abakude/seydume izwe lonke ngenxa yabayisizayo ukuyinika ulwazi olunzulu lokubhala.√ (2)
- 4.5 Indikimba yale nkondlo imfundo.√ Imbongi ibonga ukufundiswa ukubhala izinkondlo yizimbongi esezimkantshubomvu njengoba nayo isinolwazi olujulile lokubhala izinkondlo iphinde ibancenge oSolwazi ukuthi mabaqhubeke nokufundisa abanye ukuze kungashabalali ukubhalwa kwezinkondlo.√ (2)

(2)  
[10]

#### KANYE

**MBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)****'NHLIZIYO UNGISAPHI? – JJ Thwala**

- 5.1 Inggondo ivunguziswa yishisandlu lenhliziyo Inhliziyo engikhomba phambili ngokushabasheka/ Inhliziyo engikhomba phambili ngokushabasheka Ishabasheka impokophelo nenhloso engasaziwayo.√ (1)
- 5.2 Imbongi igcizelela amandla nokujula kothando√, ithi amandla enawo ngothando ayalusiza ukuthi iphumelele. Lolu thando iluzwa ngaphakathi ekujuleni kwenhliziyo lubambebele noma lugxilile kuyo.√√ (3)
- 5.3 Imbongi isebenzise isimo sokukhuluma ukugqamisa ukuba ibe yisehluleki ukuzibika ngalolu thando obeluyigabhile ngaso sonke isikhathi kepha yagcina ikwazile ukuzinikela ngokugcwele kulolu thando yize ibinovalo.√√ (2)
- 5.4 Imbongi ihlose ukugcizelela ukuthi akekho ongaphikisana noNkulunkulu/ Yena ophethe zonke izinto√ njengoba inokuqonda ukuthi uthando lvela kuNkulunkulu ayikwazi ukulwenqaba yingakho ilamukele ngokuzinikela kulo.√ (2)
- 5.5 Imbongi ikwazile ukusebenzise uphawu oluwumbuzi okwenza leli binza libe ngumbuzo mbumbulu. Imbongi izibuza imibuzo ingenakuphendulwa muntu ukuthi kazi kungani uthando luqonde yona √ futhi inokumangala, ayazi noma izothola ukuhlala kahle/ukwenama yini uma isingenile kulolu uthando.√ (2)

**[10]****AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**



**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO****UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indikimba yothando/yethemba uyeyamanisa nezingxenye ezithile ezitholakala endabeni.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, asekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekudluliseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**Isingeniso**

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wendaba yonke. Ingaba igama elilodwa noma amabili. Indikimba yale noveli imayelana nothando/nethemba.

**Umzimba**

- **Uthando lukaMhlengi noNontobeko:**

- UMhlengi uvezwa ethandana noNontobeko kodwa uhlulwa isimo azithola ekusona sokuba nothando lwabantu bobulili obufana nobakhe. Lesi simo siholela ekutheni agcine ecela uNontobeko ukuthi behlukane kodwa akangamniki isizathu.
- UNontobeko ngendlela amthanda ngayo uMhlengi kunzima ukwamukela ukuphela kothando lwakhe noMhlengi uphuma efulethini lakhe edidekile edunyelwa yikhanda uze ushayiswa imoto kaNkululeko ayolala esibhedlela.

- **Uthando lukaNgidi ethanda indodana yakhe (uMhlengi):**

- UMhlengi nguzinyobulala kaNgidi. UNgidi uthanda indodana yakhe kangangokuba uncabela ukungaganwa ngemuva kokushona kwenkosikazi yakhe kodwa akhulise uMhlengi.
- Wamthengela udedangendlale wamasimu omoba wambhalisa nasemafeni akhe okuyindlela eyekhombisa uthando lomzali enganeni yakhe.
- Uthando uNgidi ayemthanda ngalo uMhlengi lwenza ukuthi ahambe noNontobeko bayofuna uMhlengi yize ayesemdubile.

- **Uthando lukaNontobeko noNkululeko:**

- UNontobeko uthandana noNkululeko ngemuva kokuhlukana noMhlengi.
- UNkululeko wala onke amantombazana athandana nawo ngenxa yothando analo ngoNontobeko uze uyamlobola.
- Umshado wabo uyabhuntsha ngoba uNontobeko wala uNkululeko ngobusuku obandulela usuku lomshado wabo, ubika uthando ayesenalalo ngoMhlengi.
- UNkululeko uyehluleka ukwamukela ukuphela kothando lwabo ugcina ngokuzibulala kanti uNontobeko yena ulibhekisa eGcilima ukuyothungatha uMhlengi amthandayo.

- **Uthando lukaNdumiso noMahlengi:**

- UNdumiso uba nesikhwele ngoMahlengi ubona nokuthi uthando lwabo seluyantengantenga.
- Uthando lwakhe ngoMahlengi lumenza ashaye uXolani ngenxa yokumsola ukuthi

uthandana nentombi yakhe (uMahlengi).

- Uhlela ukuyobamba uNgidi inkunzi ukuze alobole uMahlengi abe ngowakhe ngokuphelele.
- Uma ethola incwadi emalayo ephuma kuMhlengi ukhala njalo, ebalisa ngothando lwakhe ngoMhlengi.

• **Uthando lukaXolani noMahlengi:**

- UXolani usehluleka ukugxilisa umqondo wakhe emhlanganweni wosomabhizinisi ngenxa yokuthatheka ngothando lukaMahlengi.
- UXolani ugcina esexabane noLungile acabanga nokufaka isehlukaniso ngenxa yothando ayenalo ngoMahlengi.
- UXolani uphupha uMahlengi aze amemeze, usebuyela otshwaleni, ubuya ebusuku.
- UXolani akakhombisi ukuzwelana noLungile emuva kokusha komuzi wakhe nezingane kodwa ubuyela kuMahlengi ngenxa yothando ayenalo nethemba lokuthi uzothola ukududuzeka.

(Namanye amaphuzu asekelo indikimba yothando/nethemba ayokwamukeleka.)

**Isiphetho (uvo lohlolwayo)**

Umbhali uphumelele kahle ukugqamisa indikimba yothando/nethemba kule noveli. Lokhu kufakazelwa izenzo zabalingswa abatholakala kule noveli. Ukwazile futhi ukukhombisa uthando lweqiniso/lwethemba.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[25]

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiyi**

- 7.1 Udwehu ludalwa ukufika kukaNdumiso elethe uZakithi njengokuyalelwa nguS'bu kanti endlini kaS'bu kukhona uNomthi naye oyintombi kaS'bu.√ UNomthi wabe eseqala ukushaya uZakithi ngoba ethi uyifunani indoda yakhe.√ (2)
- 7.2 UNdumiso wabona ukuthi kayingangaye wakhumbula izinsizi zakhe, wacabanga amaphoyisa qede wahlaba ngejubane eseqonde emotweni yakhe.√√ (2)
- 7.3 Lesi siqeshana siphela ngokuthi uZakithi athole ubuqiniso ngoNdumiso owayengumngani kaSbu nokuthi nguyena owayebandakanyeka ekubambeni inkunzi uNgidi nasekubulaweni kukaNyambose.√ Umsakazo wachaza imoto eyayihamba isigebengu esinguNdumiso wanikeza nezinombolo zocingo. √ Konke lokhu nje kwenzeka uZakithi usetekisini uthukuthele emuva kokushaywa intombi kaSbu uNomthi.√ (3)
- 7.4
- **Ongathembekile**, njengoba ebuza uZakithi ukuthi konje nguyena obethe akafike noNdumiso.√
  - **Oyisidakwa**, othanda kakhulu utshwala njengoba ehluleka nokukhuluma futhi ephephuka.√
  - **Oyigwala**, njengoba esaba nokulamulela uZakithi kuNomthi.√ (3)
- 7.5 Ukufika kukaNontobeko ezothungatha uMhlengi owayemale engamnikanga isizathu.√ UNgidi wabe esemdabukela uNontobeko kwavuka uthando olwase luphelile ngendodana yakhe uMhlengi okwakungenzeka ukuthi le nto ayethe uyiyo mhlawumbe akaqhubekanga nayo.Lokho kwenza uNgidi ahambe noNontobeko bayofuna uMhlengi.√ (2)
- 7.6 Umphumela wawuzoba muhle ngoba babezohlala kahle baqhubeke nezifiso zabo ezinhle zokuthuthukisa ibhizinisi likaXolani.√ UXolani wayengeke athathwe ubuhle bukaMahlengi aze ashiye izingane zodwa endlini ebusuku zize zishele phakathi ngoba efuna ukuyobona intombi yakhe uMahlengi.√ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 7.7 Izenzo zalaba balingiswa ziyefana ezothando lweqiniso oluhambisana nendikimba yethemba.√ UNontobeko uthanda uMhlengi nakuba esemalile unquma ukuyomfuna kubo kwaNgidi enothando/enethemba lokuthi hleze babuyelane√ kanjalo noNomalanga uthanda uManqoba Ngidi nakuba wayesembhalele incwadi yokumala unquma ukumeseka ukuyofuna uMhlengi ngoba enethemba lokuthi uthando lwabo ngeke lubuye luphazamiseke njengoba noNgidi esexolile.√ (3)
- 7.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ubuntu obungefani phakathi kwezindawo zasemakhaya naseThekwini.√ EThekwini yindawo yasedolobheni ehlala abantu abangasizani uma uvellelwe yinto njengoba isigameko sokushaywa kukaXolani babukela bangamlamulela.√ EGcilima yindawo esemakhaya abantu bayazisana kulula ukuba basheshe bafike uma kunento evelile njengoba abantu basheshe bafika ukuzosiza ngesigameko sokubanjwa inkunzi kaNgidi.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

7.9 Ngiyavumelana ngoba uNdumiso uphatheka kabi ngenkathi esola ukuthi uMahlengi kukhona omunye umuntu wesilisa osevakasha efulethini lakhe.√ Emuva kokushaya uXolani unquma ukuyobamba inkunzi ukuze asheshe alobole uMahlengi okuyinto ayesefungile ukuthi ngeke aphindele kuyo, wagcina ngokuboshwa.√

(2)

7.10 Ngiyazwelana ngoba unqume ukwala uNkululeko, wahamba wayofuna uMhlengi kubo ngenxa yethemba nothando ayenalo ukuthi hleze babengabuyelana baqhubeke nothando lwabo.√ Ngangiyoxolisa inhliziyo, ngiziphindele ekhaya ngifike ngixolise nakumama bese ngiqhubeka nempilo.√√

### NOMA

Angizwelani naye ngoba uNontobeko wayesemtholile umuntu omthanda ngokweqiniso, wakhetha ukumala ngosuku olwandulela umshado, wayofuna uuMhlengi owayemalile.√ Ngangiyoxolisa inhliziyo, ngingaphinde ngilahle okukhona ngokungekho, ngiphinde le ekhaya ngixolise kubo bonke engangibaphathe kabi bese ngiqhubeka nempilo.√√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zamukelekile.)

(3)  
[25]

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indikimba yomcebo uyayeyamanisa nezingxenye ezithile ezitholakala endabeni.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
  - Ukuchaza, asekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
  - Impumelelo yombhali ekudluliseni indikimba kule noveli.
- (Impendulo mayihlelwe njenge-esityi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**Isingeniso**

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wendaba yonke. Ingaba igama elilodwa noma amabili. Indikimba yale noveli imayelana nomcebo/umona.

**Umzimba**

- **Ukufuna umcebo kwabantu baseThusini:**

- Ukuwina kukaNomvula i-*jackpot* kumdonselele amanzi ngomsele ngoba abantu abaningi bagaqela ukuthola le mali ayiwinile.
- Kufika abantu abathi badayisa umshwalense oGoodenough Madonsela kanye noJeli Ndebele.
- USkiti wenza icebo lokuthola imali kaNomvula ngokuthi amcebise ukuthi imali ayiphose phezulu ukuze akhiphe amabhadi kanti uzifunela yena imali.

- **Ukufuna umcebo kukaChule noDaffo:**

- UChule uvakashela uNomvula ezenza umfundisi ngoba esezwe elemali ayiwinile.
- UDaffo Sithole uvakashela uNomvula ebe engumngani kaChule, ufike ameshele ngenhloso yokuthola umcebo.
- UChule uhlangana noDaffo bakha icebo lokubulala uNomvula ukuze wonke umcebo kaNomvula ube ngowakhe.
- UGenyeza ulahlwa ezimobeni nguDaffo, ethunywe uChule ngoba evikela umcebo kaNomvula ofunwa nguChule.

- **Ukufuna umcebo kukaMeyili noMaHadebe:**

- UMeyili uxoxelwa uDladla ngendaba ephume ephapheni kaNomvula yokuhlaselwa ngabantu befuna umcebo kaNomvula okwadala ukuthi bese kuvuka umona kuyena naye awufune.
- UMeyili ubiza uzalo ukuba kuzodingidwa ngendaba yokulanda uNomvula nomcebo eThekwini.
- UMaHadebe ulanda ushevu wokubulala uMaNdelu ukuze bathole umcebo kaNomvula.
- UMaHadebe uthumela uMaHuzu ukuba ayodlisa uNomvula umuthi wokumhlanyisa ukuze athole umcebo kaNomvula., uMaHuza ugcina ngokufa.

(Namanye amaphuzu asekelwa indikimba yomcebo nomona ayokwamukeleka)

**Isiphetho (uvo lohlolwayo)**

Umbhali uphumelele kahle ekugqamiseni indikimba yomcebo kule noveli. Lokhu kufakazelwa yizenzo zabalingswa abafuna ukuthi umcebo ube ngowabo ngenxa yomona. Izingxenye ezahlukenene ezikule noveli ziyayiveza indikimba yomona ngenxa yomcebo kaNomvula.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

**[25]****UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

- 9.1 Ukubona intatheli emgwaqeni njengoba ekade eshaya uDakiyose.√ Uyitshela ukuthi akawuthandi umsebenzi abawenzayo njengoba nakuqala bamzuma ehhotela ezidlele bamthatha isithombe.√ (2)
- 9.2 Yingoba u-Dacey wayecela u-Donald ukuba akhulule uGenyeza azoziphendulela ecaleni lokudindela iNkanyamba emagcekeni akwakhe.√√ (2)
- 9.3 Lesi siqeshana siphethe ngokuthi uCarla athole amaqiniso ngomyeni wakhe ukuthi uzwana nabantu abamnyama futhi uyazifikela kumqombothi. √ UGenyeza uveza ubungani phakathi kwakhe no-Wessels ngokumhasha ngezibongo zakhe. √UGenyeza ukhombisa ukungabi nandaba nabelungu okungunkosikazi ka-Wessels ngokuthi athi esakhuluma amngene emlonyeni, athi akasazi isiNgisi.√ (3)
- 9.4
- **Ongalaleli**, akamlaleli u-Miriam uma emxwayisa/emkhuza ngokudinda/ngokuthela ngemvubu uDakiyose/uNkanyamba emsebenzini wakhe emzini ka-Dacey.√
  - **Onodlame** njengoba eshaya inkanyamba ingenze lutho kuyena.√
  - **Odelelayo** utshela izintatheli ukuthi zimdina kabi ngokuthatha izithombezimkiphe emaphepheni.√
  - **Ongahloniphi** akalindi umka-Wessels aqede ukukhuluma umngena emlonyeni umtshela ukuthi akasazi isiNgisi. √
- (Okuthathu kwalokhu.) (3)
- 9.5 Isu likaChule benoDaffo lokubulala uNomvula aliphumelelanga ngoba uNomvula wakwazi ukuzivikela kwagcina kufe uChule noJamu. UDaffo wazama ukubaleka wacasha esihlahleni izinja zamaphoyisa zawuthola umkhondo wakhe, kwaba ukuboshwa kwakhe. (2)
- 9.6 Wawungaba muhle, uChule wayengandisa amabhizinisi akhe belekelelana noNomvula.√ Babengagcina sebenomndeni omkhulu nezingane behlezi kahle agcine esekhohliwe imbangi yakhe enguGenyeza njengoba babezobe sebehlele isikhathi eside bezwana noNomvula.√ (2)

- 9.7 Izenzo zikaDaffo noMaHadebe ziqhutshwa umona ngoba bobabili bafuna umcebo kaNomvula.√ UDaffo weshela uNomvula ebe engumngani kaChule ngenhloso yokufuna umcebo.√ kanti uMaHadebe ngenxa yomona nokufuna umcebo kaNomvula ubhala incwadi uyithumela kuNomvula emazisa ukuthi akaphuthume ekhaya ngethemba lokuthi uzomfakela umuthi bese eyamhlanyisa athole umcebo wonke kaNomvula.√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.) (3)
- 9.8 Umbhali uhlose ukugqamisa uthando lwemali ngokweqile kubantu baseThekwini kanye nabaseMangweni.√ EThekwini abadayisi bomshwalense nabamafenisha, umfundisi mbumbulu uChule nabangani bakhe uSkiti owayesebenza khona eThusini bonke babesebenzisa amasu ahlukene okufinyelela kumcebo kaNomvula.√ EMangweni lo mcebo kaNomvula ufunwa uzalo ngokuzama ukubulala unina uMaNdelu ngomuthi bese behlanyisa uNomvula kanye nokuthumela uMahuzu nabangani bakhe ukuyodlisa uNomvula umuthi ngenkani ukuze ahlanye.√ (3)
- 9.9 Ngiyavumelana ngoba ngaphambi kokuba uNomvula awine umjaho wamahashi wayezisebenzela kwaDicey njengomsebenzi wasezindlini enesoka lakhe uGenyeza.√ Kuthe kungaphuma ephepheni nesithombe sakhe ukuthi uwunile abantu abaningi baqala bawufuna lo mcebo kaNomvula, kwaba isisusa sodweshu empilweni kaNomvula.√ (2)
- 9.10 Angizwelani noMaHadebe ngoba uMahuzu wayeyindodana yakhe okwakufanele ayikhombise indlela elungileyo yokuphila kodwa yena engumama wamthuma ukuba ayodlisa udadewabo umuthi ukuze ahlanye.√ Ngangiyocela uxolo kuMaNdelu nakuNomvula nakumyeni wami ngokungamlaleli engikhuza bese ngipheza ukwenza okubi nakwabanye abantu.√  
(Impendulo ehleleke kahle ebonisa ukuzwelana izokwamukeleka.) (3)

[25]

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indikimba yokuxegelwa isimilo ayikhiphile akayeyamanise nezingxenye ezithile ezitholakala endabeni.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
  - Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
  - Impumelelo yombhali ekudluliseni indikimba kule noveli.
- (Impendulo mayihlelwe njenge-esityi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**Isingeniso**

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wendaba yonke. Ingaba igama elilodwa noma amabili. Indikimba yale noveli imayelana nesimilo esixegayo.

**Umzimba****• UMoloi**

- Ushadile kodwa ukhulelisa uMisi Hlophe.
- Ushela uDumazile ebe engumfundi esikoleni sakhe futhi efundisa noMisi Hlophe, ukhulelisa uDumazile.
- Uhlanguana noDumazile esesebenza kumshwalense, abuyelane naye yize azi ukuthi useshadile uDumazile, agcine ngokulwa noSithole emzini kaMtalaselwa.

**• USithole**

- USithole ushadile noMaNzimande, ushela uDumazile yize emncane kunaye.
- USithole ukhulelisa uDumazile engashadile naye futhi engahlukanisile nenkosikazi.
- USithole ushiya inkosikazi yakhe uMaNzimande uthengela uDumazile umuzi uhlala naye eMlazi engamlobolanga.

**• UDumazile**

- UDumazile uqoma uthisha uMoloi yize eyingane yesikole.
- Utshela uMisi Hlophe omfundisayo esikoleni ukuthi yena ngeke ahlukane nothisha uMoloi.
- UDumazile wembatha/ulala noMthivovo asebenza naye esitolo.
- UDumazile uba nezingane zobaba abahlukene ebe engashadile nabo.
- Uthi engunkosikazi kaMtalaselwa anqume ukuma nezimoto emgwaqeni zobaba bezingane zakhe.
- UDumazile uqamba amanga kuMtalaselwa athi uya emsebenzini kanti akangenanga ngalelo langa.

(Namanye amaphuzu asekela indikimba yesimilo esixegayo ayokwamukeleka.)

**Isiphetho**

Umbhali uphumelele kahle ekudluliseni indikimba yesimilo esixegayo kule noveli. Lokhu kufakazelwa izenzo zabalingswa abatholakala kule noveli. Ukuxega kwesimilo sikaDumazile kuholele ekutheni bonke abantu aye nabo ocansini batheleleke ngegcwane. Kwaze kwafa uMaNzimande noMtalaselwa ababengenacala.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.

**[25]**



**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

- 11.1 Udweshu ludalwa wukuthi uKheswa akakholwa uma ezwa ngokuzibuyela kukaMaNdovele ekubeni nguyena owayemxoshile✓ futhi akasafisi ukuhlala yedwa njengempohlo ebe eganiwe.✓ (2)
- 11.2 UMANDovela wayesaba ukuthi mhlawumbe uKheswa wayefuna ukumqobaqoba futhi engakhololwa ukuthi wayembiza ngomoya okhululekile (2)
- 11.3 Lesi siqeshana siphethe ngokuthi uKheswa akhombise ukuxola ngesenzo sikaDumazile sokukhulelwa, kuba nokubuyisana komndeni.✓ UKheswa wemukela igama lomntwana kaDumazile aliqanjiwe.✓ Wabe esethembisa ukuyikhunga ingane ngakusasa.✓ (3)
- 11.4
- **Unothando** lomndeni wakhe njengoba ejabulela ukubuya kuka MaNdovela ekhaya nobengakuthandi ukuhlala yedwa.✓
  - **Unoxolo**, uxolisa kuMaNdovela ngamazwi ayewakhiphe mhla ezwa kuthiwa uDumazile ukhulelwe. Uthembisa ukukhunga ingane.✓
  - **Uyaboniseka**, utshela uMaNdovela ukuthi bebehlangene nozalo ukuthi kuzomela aye kolanda inkosikazi yakhe.✓
- (Nezinye izimpendulo ziyokwamukeleka.) (3)
- 11.5 Isigameko esaholela uMaNzimande ukuba ayosebenza emakhishini yingoba wayesehlupheka uSithole esebhungukile ekhaya esehlala noDumazile emafezini engesona isigwili eseyinto yophuzo oludakayo.✓✓ (2)
- 11.6 Wawuzoba muhle, wayengeke azithole esengumuntu onodlame oshaya uDumazile ngenxa yezenzo zikaDumazile ezingezinhle zokubuyelana nabantu ayethandana nabo bese begcina ngokulwa emzini wakhe.✓✓/ Wayengagcina eshade nomama wengane yakhe yeminyaka yakwaZungu eyayithandwa unina.✓✓ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka.) (2)
- 11.7 Bobabili bangabalingiswa abangenaso isimilo✓. UMoloi ushadile, uthandana nengane yesikole enguthisha wayo okwagcina kuholele ekutheni aphelelwe ngumsebenzi wokufundisa uphinde, abuyelane noDumazile eseshadile agcine ngokugula ✓ kanti noDumazile uthandana nothisha ebe eyingane yesikole, athandane nomqashi wakhe uSithole oshadile abuyelane noMoloi eseshadile agcine ngokugula ashone.✓ (3)
- 11.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi noma kusemakhaya noma kusedolobheni akwemukelekile ukungabi nesimilo komuntu.✓ EMzimkhulu kusemakhaya, abantu bakhona abakwamukeli ukungaziphathi kahle komuntu wesifazane njengoba uDumazile wakhuleliswa uthisha kanye nosomabhinisi onguSithole bebe bebadala kunaye futhi ebe engashadanga nabo✓ kanjalo naseMlazi abantu abazithandi izenzo zikaDumazile zokulokhu evakashelwa abantu besilisa ebe eyinkosikazi kaMtalaselwa ezagcina zithele umuzi wakhe ngehlazo lapho amadoda eselwa ebanga yena.✓ (3)

11.9 Ngiyavumelana ngoba uDumazile ubeyingane esithandayo isikole engenankinga kodwa udweshu lwaqala lapho uMoloi owayenguthisha eseshela uDumazile kanye nokuzwa omemu behleba ngaye bethi uthandana nothisha uMoloi okwagcina uDumazile emqoma uMoloi ngoba esemsebenzisela imithi.√√

(2)

11.10 Ngiyazwelana ngoba wayecabanga ukuthi ikhona imoto ayesenayo eyayisengamsiza√ njengoba wayephuma ejele futhi elahlekelwe yikho konke ayenakho.√ Ngangingaxolisa inhliziyo ngixolise kumkami, ngibhekane nomsebenzi wami omusha, ngikhohlwe iveni.√

### NOMA

Angizwelani noSithole ngoba wayethenge umuzi ngegama likaDumazile ebe enonkosikazi wakhe kanti uzoboshwa iminyaka emithathu.√ UDumazile wayenelungelo lokuyithengisa iveni njengoba kwakungumuzi wakhe.√ Ngangiyokwamukela ukuthi ayisekho iveni, ngisebenze kanzima ukuze ngithenge enye ngikhohlwe okwenzekile. Ngixolise kunkosikazi ukuze sibhekane nempilo kabusha√

(3)

**[25]**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indikimba yobuntu/yokungabi nobuntu ayikhiphile akayeyamanise nezingxenye ezithile ezitholakala endabeni.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Ukuchaza ukuthi iyini indikimba.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nendikimba kule noveli.
- Impumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba kule noveli.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**Isingeniso**

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wendaba yonke. Ingaba igama elilodwa noma amabili. Indikimba yale noveli imayelana nokuba/nokungabi nobuntu noma imayelana nemfundo.

**Umzimba**

- **UNgubane akanabo ubuntu**

- UBafana akakhombisi ubuntu uxosha umalume wakhe omkhulisile emzini wakhe ngoba ethi ufike engashongo futhi akamfakanga ohlelweni lwakhe.
- UBafana akanabo ubuntu mayelana nesimo sikaLinono utshela umalume wakhe ukuthi uLinono kwakungamele avume ukudlala amadoda, ngakho ke kwakufanele ahambe nezingane zakhe ukuyogana.
- UNgubane wayengenabo ubuntu kusukela esikoleni eManzimtoti wayebiza oThathezakhe athi baletha izimbungulu ekolishi.
- UNgubane wenqaba ukudla nabanye abafundi ngoba ethi akadli nabantu abangameji futhi abangenamakhozi.
- UNgubane akaziniki isikhathi sokwazana nomakhelwane bakhe ngoba umuzi wakhe umuhle.
- UNgubane wenqaba ukusiza *u-Ben Martins* owayecabanga ukuthi uzokwazi ukubaxhumanisa nomphakathi wasemalokishini ukuzebasize abampofu abahluphekile.

- **UPoppie akanabo ubuntu**

- Uxosha uMaXakushe usola uNgubane ngokuthi kungani etshele yena ukuthi u-*Euthenasia* ubetshontsha imali yakhe njengoba izindaba zezingane zibhekelwe nguye.
- Utshela uNgubane umyeni wakhe owakhuliswa ngumalume uCele ukuthi akawufuni umndeni wakhe waseMpaphala.
- Usola u-*Euthenasia* ngokufika apheke inyama abuye nayo eMpaphala ngoba engazi ukuthi ihloliwe yini.
- Akabingeleli izingane zikaLinono ngenkathi kunomncintiswano womgijimo.
- Ufisa ngisho nokudlisa izingane zikaLinono ukuze kube ngezakhe eziphumelela emdlalweni womgijimo.

- **UNjini unobuntu emndenini**

- Ukwazile ukukhulisa izingane zikadadewabo uBafana noLinono uQophitshe owashona yize uyise wezingane ephila.
- UCele ubonisa ubuntu ngokuthi aphinde akhulise abazukulu bakaNgubane okunguHlanganisani no-Uzithelile.
- Uthandazela u-*Euthenasia* ngenkathi ephethwe yiphika nakuba uNgubane wayemphathe kabi, emhendula kabi.
- Wamukela u-*Euthenasia* ekhaya eMpaphala, umenzela nesiphandla ngokosiko, uze umphathisa nomkhono wenyama okwakufanele abuyele nawo ekhaya.
- Ukhulisa isizukulwane uZaneqiniso nakuba umkhulu wakhe uBafana wayengabamukelanga abazukulu bakhe.
- Ubonisa ubuntu ngokwamukela u-*Poppie* noNgubane emzini waseMpaphala nakube bona babemxoshile emzini wabo eMlazi.

- **UHlanganisani unobuntu emndenini**

- Ukhombisa ubuntu kuPoppie umshayela ucingo ukumazisa ngokufika kuka-*Euthenasia* owayeqile kubo.
- Uhlala nezingane zika-*Melody*/uVukuzithathe ngesikhathi esephindele esikoleni.
- Utshela u-*Euthenasia* ukuba alande uPoppie njengoba ayesesele yedwa e-*La Lucia* ukuze bazohlala naye eMpaphala.

- **U-Uzithelile unobuntu emphakathini**

- Uthumela u-*Marie van den Berg* i-emeyili ukuba abheke u-*Melody* njengoba ebhale incwadi yokuzibulala.
- Udela impilo engcono yokuba asebenze umsebenzi awufundele phesheya wokuba ngudokotela unquma ukusiza umphakathi.
- Ukhombisa ubuntu ngokunakekela umphakathi ngokuba awukhuthaze ukuba utshale ukuze kungabibikho indlala endaweni yangakubo.

(Namanye amaphuzu asekelwa indikimba yokuba nobuntu/nokungabi nobuntu.)

**Isiphetho (uvo lohlohlwayo)**

Umbhali uphumelele kahle ukudlulisela indikimba yokuba/yokungabi nobuntu. Ukufunda kukaNgubane kuholele ekutheni aphelelwe ubuntu kanti uNjini Cele noHlanganisani bakhombisa ubuntu kuBafana bayamemukela eMpaphala.

(Ohlohlwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekelwa impendulo ayokwamukeleka.)

[25]

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

- 13.1 Udwehu ludalwa ukuthi u-*Euthenasia* akakuthandi ukutshelwa nguMelody isizathu sokuba bangezواني noMaXakushe owayengugogo owayeqashelwe ukuzosebenza kwaNgubane.√√ (2)
- 13.2 U-*Euthenasia* wayezozinika umsebenzi wokushumayeza abantu bakubo ukuba bayeke ubuncelebane bokubiza amaNdiya ngonkosana singekho isidingo salokho.√√ (2)
- 13.3 Lesi siphetho sinokubuyisana/nokuvumelana phakathi kuka-*Melody* no-*Euthenasia* ngoba uyavuma ukuthi uyoba yingxenye yomkhankaso wokubiza amaNdiya ngonkosana.√ U-*Melody* uphinde uyagcizelela ukuthi nakanjani komele azame ukuqoqa ekamelweni lokulala lakhe u-*Euthenasia* futhi athathe nesitsha abedla ngaso asiyise ekhishini njengokuyalelwa nguMaXakushe.√ U-*Euthenasia* ugcina ngokuvuma ukwenza noma ekhononda lokho ayekutshelwa u*Melody*.√ (3)
- 13.4
- **Akahloniphi**, ubiza ugogo uMaXakushe ngesisebenzi.√
  - **Oqaphelayo**, akakuthandisisi ukubandlululwa ngugogo abize u-*Melody* ngenkosazane yena ebe engakaze ambize ngonkosana.√
  - **Owazisa amalungelo**, uthi mhla wakhula uyokulelwa ukubizwa kwamaNdiya ngonkosana.√ (3)
- 13.5 U-*Prisca* wantshontsha isikhiye semoto kaBafana wasinika isoka lakhe uNkebelele. UNkebelele waginqa imoto, yalahla umgwaqo ngalobo busuku. UBafana wazama ukuvula icala ukuze umshwalense umkhokhele. UMGwazeni wabuya eGoli wamesabisa ukuthi uzombulala uma engalichishi icala.√√ (2)
- 13.6 Wawungaba mubi, wayezoqhubeka abe namabhadi/amashwa ngoba uMaMsibi ayehlala naye futhi eyithwasa wayebona ukuthi amashwa ayenzeka kuNgubane/kuBafana ayedalwa ukuthi wayenesithunzi esimnyama okwakumele ayosigeza ekhaya eMpaphala.√√/Wayengagcina ehamba ehlala emgwaqeni, adle udoti olahliwe, agcine esefana nomuntu ongaphilile ekhanda. Agcine eshonile aze agcwatshwe nguhulumeni.√√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

- 13.7 Bobabili abalingiswa bakhombisa ukuba nobuntu kwabanye abantu.√ UHlanganisani wenza umsebenzi wokubuyisa umndeni wonke uhlale ndawonye nakuba oNgubane babengabamukelanga ukuba bahlale nabo√ kanti no-Uzithelile ubuya phesheya angaqali ngokwenza umsebenzi awufundele kodwa uqoqa umphakathi wangakubo ukuba balwisane nendlala ngokuba kulinywe.√  
(Nezinye izimpendulo ezihambisana nendikimba zamukelekile.) (3)
- 13.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ubuntu nokwazisana okungefani kulezi zindawo.√ EThekwini yindawo yasedolobheni ehlala abantu kodwa abangazisani, abazani izibongo ngenxa yokuthi bakhe izindonga ezinde ezenza bangabonani.√ EMpaphala yindawo esemakhaya abantu bayazisana, noma uHlanganisani no-Uzithelile sebefunde kakhulu kodwa abakhohlwanga ukulekelela umphakathi waseMpaphala ngokuwenzisa izinto ezazizoxosha indlala.√ (3)
- 13.9 Ngiyavumelana ngoba udweshu empilweni kaBafana lususwa ukuthi waxosha umalume wakhe ngoba ethi akamazisanga ngokuza kwakhe, wenqaba nokuthatha izingane zikadadewabo uLinono ukuba azikhulise njengoba umalume wakhe wayengesenawo amandla ukuzikhulisa.√√ (2)
- 13.10 Ngiyazwelana ngoba uNgubane wayemthemba njengodokotela owayezomsiza ezinkingeni ayebhekene nazo zomndeni wakhe.√ Ngangiyolalela konke akushoyo, ngixolise ngokuziphatha ngaleyo ndlela.√ Ngiqhubeke ngenze konke angitshela kona ukuba ngikwenze okuzosiza umndeni wami ukuba ungabhidliki.√

### NOMA

Angizwelani ngoba uNgubane wayephila impilo yokuzikhukhumeza ebabukela phansi abanye abantu ngisho esasesikoleni.√ Ngangiyolalela konke angikhuza ngakho, ngishintshe indlela engiphatha ngayo abanye abantu.√ Ngingaphinde ngilenze lelo phutha lokubukela phansi abanye abantu njengoba sengibonile ukuthi engikwenzayo kubhidliza mina nomndeni wami.√

(3)  
[25]

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)****UBUCIKO BOMLOMO****UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi uxoxa indikimba uyeyamanisa nezingxenye ezithile ezitholakala endabeni.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makachaze indikimba.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe aphinde asekele kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kobuciko bomlomo.
- Isiphetho sempendulo (Uvo lohololwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana
- Nempumelelo yomxoxi, yembongi neyabahayi ukugqamisa indikimba yenganekwane, eyezibongo kanye neyamahubo.

**ISINGENISO**

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wombhalo wonke. Ingaba igama elilodwa noma amagama amabili. Indikimba etholakala kule nganekwane yindikimba yokufa kuthi indikimba etholakala ezibongweni kube ndikimba yobuqhawe kanti etholakala ehubeni eyempumelelo.

**UMZIMBA****INGANEKWANE: UNWABU NENTULO**

Kule nganekwane kutholakala indikimba yokudabuka kokufa.

- UMdali wanquma ukuthi atshele abantu ukuthi angeke baze bafe.
- Izinduna zakhetha unwabu ngoba linejubane zazi ukuthi lalizowuphuthumisa umlayezo wokuthi abantu ngeke bafe.
- UMdali naye wajabula uma kukhethwa unwabu ngoba azi ukuthi umlayezo wokuthi abantu angeke bafe uzosheshe ufike ebantwini.
- UMdali waluthuma unwabu ukuba lutshele abantu ukuba abezukufa kepha unwabu lulibala ukudla ubukhwebezane kwaze kwaxakeka abantu emakhaya noMdali ngokungabuyi konwabu.
- UMdali wanquma ukuthuma intulo ukuya kubantu ukuyobatshela umyalezo owehlukile wokuthi sebezokufa ngenxa yokungabuyi konwabu.
- Intulo yagijima yabatshela abantu ukuthi bazokufa, lwathi luqambe lufika unwabu emuva kwezinsuku abantu base bebambe umlayezo wentulo wokuthi bazokufa.
- Kusukela ngalelo langa abantu abaphilanga ingunaphakade base befa.

**KANYE**

**NEHUBO: THINA SENZE NJE**

Kuleli hubo kutholakala indikimba yokuba nesibindi.

- Leli yihubo eligqamisa ukukwazi ukudlulisa izikhalazo zabasebenzi uma bebhekene nokungaphathwa kahle abaqashi.
- Abasebenzi bashiya umsebenzi baphume ngobuningi babhekane ngqo nabaqashi ngokubaphoqa ukuba balalele izikhalazo abanazo ngemali.
- Babeka imigomo nemibandela yokukhushulelwa imali bebonisa ngokucula nokubeka amathuluzi okusebenza phansi.

**ISIPHETHO (uvo lomfundi)**

Umxoxi, imbongi nabahayi baphumelele kahle ukudlulisa indikimba kulobu buciko bomlomo. Lokhu kugcizelelwa izenzo zabalingiswa abahlukene umxoxi wenganekwane, imbongi kanye nabahayi.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka.)

**[25]****UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)****UBUCIKO BOMLOMO****UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba**

- 15.1 Ihlathi laseNtshonalanga.√ (1)
- 15.2 Impisi yasuka ngelikhulu ijubane ukuze ilithole kuqala ihhashi bengakafiki oHlakanyane namanqe.√ Okwesibili ukuthwala ihhashi alemboze ngotshani ukuze kube ngelayo yodwa.√ (2)
- 15.3 Lapho kukhona isidumbu ilapho kutholakala amanqe.√ Kule nganekwane impisi yayicabanga ukuthi kufanele iphuthume ithathe ihhashi elizifele ngoba amanqe azosheshe alithole kuqala ngoba adla izilwane ezifile.√ (2)
- 15.4 Okufanayo ngamanga.√ Isisho esithi ukusenga ezimithiyo sichaza ukuqamba amanga kanjalo nenkulumo kaHlakanyane yokutshela impisi ukuthi kunehashi elizifele kwakungamanga√ ngoba ihhashi laliphila saka lizilalele, yona yayenzela ukujezisa impisi ngenxa yokuba yisiminzi.√ (3)
- 15.5 Ud weshu lulapho impisi icabanga ukuthi amanqe angahle afike azoyibangisa kule nyama yehashi,√ yaphinde yacabanga ukugijima iyobiza inkosikazi nezingane bazozitika ngenyama,√ yabuye yacabange ukumboza inyama ngotshani ngaphambi kokubiza inkosikazi,√ yaphinde yacabanga ukulisusa ihhashi kule ndawo ekulo.√ (Okubili kwalokhu.) (2)
- 15.6 Umyalezo uthi umhobholo awukhokheli.√ Impisi yayisiyaziwa ngokuba nomhobholo okwenza uHlakanyane enze isu lokuyijeza ngokuyiqhatha nehhashi, impisi yagcina isiphume amazinyo ingasakwazi ukudla inyama. √ (2)



- 15.7 Umlandi usethulele kahle isingeniso senganekwane ngoba kukhona umxoxi ongenisa inganekwane ngokuthi, 'Kwesukesukela ...', abalaleli baphendule ngokuthi, 'cosu.√ Inganekwane umxoxi uyethula ngokwethula umlingiswa onguHlakanyane onenkinga ngokuphila nempisi eyisiminzi enomhobholo nokudla.√ Umlandi uphinde ethule isimo senhlalo esimuncu ngoba kukhona ukungezwani phakathi kwempisi noHlakanyane wase ethula nesizinda ngokwendawo okuyihlathi laseNtshonalanga.√ (3)
- 15.8 Kwelingafelwa nkonyane idlelo, Idlelo lemihlambihlambi.√ Ukuxhumana okutshekile.√ (2)
- 15.9 Leli hubo libalisa ngokuhlukumezeka kwesizwe esimpisholo/esimnyama ngoba sihlukunyezwa singone lutho√ kanjalo esiqhingini sase-Robben island kwakugcinwe iziboshwa zomzabalazo iningi lazo ezazimpisholo zingenze lutho kepha zifuna ukukhululeka nje qha.√ (2)
- 15.10 Unondlini yinkomazi enobisi oluningi eyondla abantu basuthe.√ ngakho-ke isiqhingini sase-Robben Island sekuyindawo yombukiso isigcina magugu enothisa izwe ngoba izinkulungwane zabantu sezivakashela khona zikhokhe imali eshisiwe izwe linothe.√√ (3)
- 15.11 Lesi sisho sisetshenziswe kahle ngoba sichaza ukuthi njengoba nawe usubuzwa ubuhlungu engabuzwa nami ngangibuzwa lobo buhlungu.√ Abantu ababelwela inkululeko babezondwa besiwa kulesi siqingini bezwa ubuhlungu kepha izinto manje sezijikile itshe seligaya ngomunye umhlathi√ ngoba labo ababezonda bejezisa bephethe izwe ngesihluku sekuyibo abezwa ubuhlungu ngoba izwe manje seliphethwe abantu abamnyama ababengabafuni.√ (3)

[25]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

**ISIQEPHU C: UMDLALO****UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo****QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo uxoxa ngokubhebhetheka kodweshu kuze kufike kuvuthondaba lomdlalo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- o Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu nezinhlabo zalo.
- o Umzimba: Ohlolwayo makaphendule asekele ngokusencwadini.
- o Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubhebhethisekeni udweshu lwalo mdlalo.

**ISINGENISO:**

- Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nodweshu lwalo mdlalo:
- Udweshu luhlukene kabili. Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle.
- Udweshu lwangaphakathi: Liwukungqubuzana kwemicabango yomlingiswa ethatha ebeka ngaleyo nkinga abhekene nayo.
- Udweshu lwangaphandle: Liwukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ngokwenza nangokukhuluma. Lolu hlobo lodweshu yilona olukhulisa umdlalo uze ufike esicongweni.

**UMZIMBA****Udweshu lwangaphakathi**

- Ukucabanga okuletha ukukhathazeka kukaMdaluli ngenxa yephupho elimfikele.
- Ukubalisa kukaMdaluli emuva kokuvakashelwa uManqina bexoxa ngodaba lokudilizwa kwabo emsebenzini.
- Ukukhathazeka kukaMdaluli mayelana nesikweletu saseMangosuthu sikaLondiwe.
- Imicabango kaHlengiwe ngemuva kokushelwa uChivenga ebe enesoka uManqina.
- UMDaluli ukhathazwa yiphupho ngenkathi esejele emuva kokushaya uChivenga.

**Udweshu lwangaphandle**

- UMDaluli unqaba ukudla akuphakelwe uMaMlanduli uze uyamthethisa.
- UMDaluli ushaya umkakhe uMaMlanduli kuze kulamula uMaNqina.
- UMDaluli ufuna indabandaba ngenkani kuMaMlanduli, uze umshaya ngensilane kufike amaphoyisa, ambophe.
- UMDaluli uhubha izingane zakhe ngesibhamu ezixosha emzini wakhe ngenxa yokuthi uLondiwe umbophisile ngokushaya uMaMlanduli.
- UMDaluli uthakatha uChivenga, aze ayolala esibhedlela ngoba ethi umthathela umsebenzi wakwaSaziwayo.
- UMDaluli uhlasela uChivenga ehlathini emshaya ngemolontshisi, kuqhamuka uZayeka ogcina embophile uMDaluli.

**ISIPHETHO SEMPENDULO (UVO LOHLOLWAYO):**

Umbhali uphumelele ukubhebhethekisa udweshu lwangaphakathi nolwangaphandle luze lufike esicongweni kulo mdlalo Lokhu kuboniswa yizenzo zabalingsiswa ezikhulise udweshu kulo mdlalo nokwenza umdlalo waba noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe, abhale impendulo yombuzo njenge-esityi.)

**[25]****UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- 17.1 UMDaluli ujatshuliswa ukubuyela ekhaya ahlangele nomndeni wakhe√ emva kokuba ehlukene nomndeni wakhe izinsukwana. √ (2)
- 17.2 Umoya wentukuthelo.√ UMDaluli uthukuthelele uLondiwe ngenxa yokuthi umbophisile ngakho-ke uyamxosha emzini wakhe. ULondiwe naye ufikelwa yintukuthelo wala uyaphetha ukuhamba.√ (2)
- 17.3 Indikimba yalo mdlalo eyokucwasa nodlame emphakathini.√ UMBhebhezeli ucebise uMDaluli ukuba aloye uChivenga ngoba uyisifikanamthwalo esizothathela uMDaluli umsebenzi√ nangempela uMDaluli wamloya uChivenga njengokucetshiswa uMBhebhezeli, wacina uChivenga esesibhedlela esebile isandla.√ (3)
- 17.4
- UMDaluli wayefune indabandaba kuMaMlanduli ngenkani wathi uma enqaba uMaMlanduli uMDaluli wambhaxabula ngenduku uLondiwe wabiza amaphoyisa ngomakhalekhukhwini.√
  - Uma uMDaluli eseboshiwe waqhamuka necebo lokuthi uMaMlanduli akancenge uLondiwe ukuthi asule icala ngoba useyazisola ngakwenzile.√
  - UMDaluli uyaphuma ejele ukhumbuza uLondiwe ukuthi izinkunzi ezimbili azibusi esibayeni esisodwa ukusho lokhu ngoba wayesenenzondo yokuthi wayembophisile.√ (3)
- 17.5 Amveza njengomlingiswa onguzwi lakhe futhi ongafuni ukuboniswa uma enze iphutha √ ngoba esikhundleni sokubona iphutha lakhe ubona sengathi uyadelelwa.√ ULondiwe ubophise uyise ngoba eshaya unina lokho okukhomba udlame lwasekhaya okuyisenzo esingamukelekile kodwa uMDaluli akakuboni lokho ukuthi kubeyiphutha√. (3)
- 17.6 Inhloso yombhali ukugqamisa ukuthi udlame lwanoma uluphi uhlobo alwamukelekile ekhaya.√ Kwakungamele ukuthi uMDaluli edilizwa emsebenzini futhi exoshwa uSaziwayo bese edubela kuMaMlanduli afune indabandaba ngenkani uma enqaba bese eyamshaya.√ (2)
- 17.7 Isizathu sokusebenzisa inkathi yamanje ukugqamisa inkohlakalo eyenzeka emnyangweni wezasekhaya√ nokuthi bagcina ngokutholakala bajeze abenzi benkohlakalo.√ UHeshane ugwazelwa uChivenga ukuze athole ubuzwe ngokuthi amshadise noHlengiwe engazi kepha ugcina etholakele wamiswa nsemsebenzini.√ (3)

- 17.8 Wawuzoba mubi ngoba uHlengiwe wayezobe ebonile ukuthi uChivenga unamanga futhi unobugebengu, wayengeke avume ukuthandana naye sanhlobo.√ Wayezobona ukuthi uChivenga wayengenalo uthando lweqiniso kepha wayemsebenzisela ukuthi abe yisakhamuzi sakuleli.√ (2)
- 17.9 Ngiyavumelana ngoba uMdaluli ubesebuyisene nomndeni wakhe waphuma ejele, wathola nomsebenzi wase evakashela eSudan.√ Ekugcineni kwendaba sekuxoxa umndeni wakhe noZenyezile mayelana nenhlekele evele ezweni lase-Sudan yokuzamazama komhlaba eshiye uMaMlanduli nezingane zingazanga ngokwenzeka kuMdaluli.√ (2)
- 17.10 Isixakaxaka ukushuba kwezinkinga ngakho-ke umbhali uphumelele ukushubisa izinkinga zikaMdaluli.√ UMdaluli Ulalela uChivenga unyendle uyamlimaza uphinda uyaboshwa lokho kumdalela isixakaxaka ngoba uhlaselwa iphupho labangasekho bembuza ngezingane azixosha.√√ (3)

**[25]**

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa****QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo uxoxa ngokubhebhetheka kodweshu kuze kufike kuvuthondaba lomdlalo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- o Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu nezinhlobo zalo.
- o Umzimba: Ohlolwayo makaphendule asekele ngokusencwadini.
- o Isiphetho sempendulo (uvo loholwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubhebhethisekeni udweshu lwalo mdlalo.

**ISINGENISO:**

- Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nodweshu lwalo mdlalo:
- Udweshu luhlukene kabili. Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle.
- Udweshu lwangaphakathi: Liwukungqubuzana kwemicabango yomlingiswa ethatha ebeka ngaleyo nkinga abhekene nayo.
- Udweshu lwangaphandle: Liwukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ngokwenza nangokukhuluma. Lolu hlobo lodweshu yilona olukhulisa umdlalo uze ufike esicongweni.

**UMZIMBA:**

Kulo mdlalo sithola udweshu lwangaphandle okuyilona olukhulisa umdlalo. Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo:

- USalimani uxabana noZithulele uma emtshela ukuthi imingcele isiyagudlulwa, indawo enkulu kuzoba eyabelungu basemapulazini.
- UZithulele uxabana neNkosi uSalimani enkantolo yaseMshwathi ngodaba esinqumo sikaHulumeni sokugudluzisa imingcele yezwe lenkosi uSalimani ngaphandle okubonisana nayo.
- Kuba nodweshu phakathi kukaSalimani noMgqabula umlungu owayenikezwe ingxenye yendawo yenkosi uSalimani ngoba uZithulele enze iqhinga lokuthi balwe ukuze uSalimani nabantu bakhe bazosiwa enkantolo indawo yakhe igcine isihathwa ngobuqili.
- Ukuya kwenkosi uSalimani, abafowabo nezinduna ehhovisi likaSomtsewu eMgungundlovu ngalo udaba lwemingcele.
- Udweshu phakathi kweNkosi uSalimani nabafowabo bafuna iqiniso kuMphiliphili ngobudlelwano bakhe nabelungu njengoba uMphiliphili ebonwa ekhuluma okwesibili noSomtsewu noZithulele abathi basebenzela uHulumeni.
- USalimani uxabana noMphiliphili ugcina emjezisa ngokuthi amhlawulise ngezinkomo ngenxa yokungathembeki eNkosini uSalimane ebe eyiNduna yeNkosi.
- Inkosi uSalimani uxabana noZithulele phakathi enkantolo yaseMshwathi ngesikhathi kuzothethwa icala likaNomezelo, ngakho-ke uZithulele umtshela ukuthi akaphungule amabutho aqale ngokunqaba agcine ewaphungulile.
- Umbhali umsiye nombuzo

**ISIPHETHO SEMPENDULO (UVO LOHLOLWAYO):**

Umbhali uphumelele ukubhebhethekisa udweshu lwangaphakathi nolwangaphandle luze lufike esicongweni kulo mdlalo. Lokhu kuboniswa yizenzo zabalingswa ezikhulise udweshu kulo mdlalo nokwenza umdlalo waba noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe, abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.)

**[25]****UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- 19.1 USalimani uthi amabutho aphelezele yena<sup>√</sup> futhi oNongqayi bakaZithulele bathe akangene enkantolo nabo bonke ahamba nabo.<sup>√</sup> (2)
- 19.2 Umoya wentukuthelo.<sup>√</sup> UZithulele ufuna uSalimani akhiphe amabutho enkantolo kepha uSalimani ushaya phansi ngonyawo, ngemuva kwempikiswano eningi nokusongelana uSalimani ugcina eyalela uSikhova ukubaakhiphele phandle iZinyathi.<sup>√</sup> (2)
- 19.3 Indikimba yalo mdlalo ingombangazwe.<sup>√</sup> UZithulele uthunywe uHulumeni ukuba atshele uSalimani ukuthi kufanele kuklanywe kabusha imingcele ukuze izwe lithathwe abelungu lokhu kudala ubudlelwano obungebuhle phakathi kukaSalimani noZithulele. USalimani uphikisana nesinqumo sokuklanywa kabusha kwemingcele.<sup>√√</sup> (3)
- 19.4
- Abantu basemapulazini babehlasele abantu bakaNomezelo.<sup>√</sup>
  - Lokhu kulwa kwakuyisu likaZithulele ukuze kubukeke sengathi abantu bakaSalimane yibona abenochuku.<sup>√</sup>
  - UNomezelo wabe eseboshwa wethweswa icala lokuhlasela abantu basemapulazini lathethwa enkantolo emshwathi.<sup>√</sup> (3)
- 19.5 Amveza njengomlingiswa onenkani nonesibindi<sup>√</sup> njengoba ala ephetha ukukhipha amabutho akhe ayegcwele enkantolo yize esesatshiswa uZithulele ukuthi azogcina eboshiwe.<sup>√</sup> USalimani ubonakalisa ukuthi akayisabi impi engase ibheduke ngenxa yesenzo sakhe.<sup>√</sup> (3)
- 19.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ubuqhawe bamanye amakhosi<sup>√</sup> njengoba uSalimani akaguqkanga, adayise izwe lakhe. Wakwazi ukuvimba ukuklanywa kwemingcele ngoba ebona ukuthi ubulungiswa abukho, wagcina icala elise eMgungundlovu nalapho wafika wanqoba khona.<sup>√</sup> (2)
- 19.7 Isizathu sokusebenzisa inkathi yengcindezelo ukucacisa umlando wezindlela zobuqili ezazisetshenziswa ngabelungu zokuziklamele izwe labantu abamnyama.<sup>√</sup> UZithulele ngomlomo kahulumeni wayehlose ukuklama umngcele uMngeni, uVimbingwenya noMkhabela ngenkani okwenza uSalimani ale apethe aze aqhubekisele icala eMgungundlovu.<sup>√</sup> Babesebenzisa amasu okuthenga abantu benkosi uSalimani ngokubanika izipho ukuze babahoshele izindaba<sup>√</sup> (3)

- 19.8 Umphumela wawungaba mubi ngoba uSalimani wayengeke aphumelele ekukhethiseni abantu mayelana nokuklanywa kwemingcele izwe lakhe lithathwe nguhulumeni ngobuqili ayevele eseqalile ukubusebenzisa.√/ USalimani kwakungenzeka ukuthi abanjwe ukuthi kukhona ubuqili abenzile bese eyaboshwa aphelelwe ubukhosi bakhe.  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
- 19.9 Ngiyavumelana ngoba uSalimani udlulisela icala enkantolo enkulu yaseMgungundlovu lapho icala lokuklanywa kwemingcele lafika lamlahla uHulumeni kaZithuleleo kwanqunywa nokuthi imali yezindleko zecala zizokhokhwa nguHulumeni kaZithulele.√√ (2)
- 19.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba uZithulele ugweba uNomezelo izinyanga eziyisithupha ejele ngecala lokuhlasela abantu basemapulazini.√ USalimani uphucwa uVimbingwenya, uMkhabela noMngeni kunikwa uMgqabula.√ USalimani udlulisela icala lemingcele kuphi enkantolo enkulu yaseMgungundlovu.√ (3)

**[25]**

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga****QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo uxoxa ngokubhebhethaka kodweshu kuze kufike kuvuthondaba lomdlalo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- o Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu nezinhlobo zalo.
- o Umzimba: Ohlolwayo makaphendule asekele ngokusencwadini.
- o Isiphetho sempendulo (uvo lohololwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubhebhethisekeni udweshu lwalo mdlalo.

**ISINGENISO:**

- Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nodweshu lwalo mdlalo:
- Udweshu luhlukene kabili. Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle.
- Udweshu lwangaphakathi: Liwukungqubuzana kwemicabango yomlingiswa ethatha ebeka ngaleyo nkinga abhekene nayo.
- Udweshu lwangaphandle: Liwukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ngokwenza nangokukhuluma. Lolu hlobo lodweshu yilona olukhulisa umdlalo uze ufike esicongweni.

**Umzimba****Udweshu lwangaphakathi**

- UPhindisiwe ucabanga ukuthi kungcono angamtsheli uThamsanqa ngoNkululeko njengoba elokhu emshayela ucingo.
- UThamsanqa ucabanga indlela uPhindisiwe ayiyona ngemumva kokukhuluma ocingweni nokushintsha kukaPhindisiwe ngesikhashana abike ukuthi useyagula lesi senzo sikaPhindisiwe simshiya nezinsolo eziningi.
- UThamsanqa ucabanga okushiwo uNkululeko ocingweni ukuthi unindwe ngebhotela, uZiphozonke akusiyona ingane yakhe. Ugcina enquma ukuthi kufanele aluphenyisise lolu daba lukaZiphozonke.
- UMaMhlongo uthukuthele ucabanga ngemfihlo ayizwe ikhulunywa nguPhindisiwe emayelana nemfihlo athe wavumelana nomuntu thizeni ukuthi angeke idalulwe. Uyazibuza uyaziphendula ukuthi iyini le mfihlo abakhuluma ngayo.
- UPhindisiwe usebhangе ngemuva kokushiywa nguNkululeko embophe izandla kade begqekeza ebhange, ucabanga ngemali esele ngenkathi eyifaka ku-ATM. Unodweshu ucabanga ukuyithatha ngenxa yokuxinwa yizikweletu, agcine eyithathile.

**Udweshu lwangaphandle**

- UPhindisiwe uxabana noNkululeko njengoba usebuyile ejele ufuna babuyelane, ufuna nengane yakhe futhi ufuna imali azoziphilisa ngayo phezu kokuba uPhindisiwe amgqiba ngezinkulungwane ezingamakhulukhulu zemali.
- UNkululeko uxabana noMathonsi noMhlongo ngoba eze emzini wakwamaThonsi ezobatshela ukuthi bambuyisele inkosikazi yakhe enguPhindisiwe kanye nengane yakhe uZiphozonke ezathathwa nguThamsanqa ngenkathi yena esaboshiwe.



- UNkululeko ubasongela ngokuthi uma uThamsanqa engayibuyisi indodana yakhe nonkosikazi wakhe uzobadubula.
- UNkululeko ushayela uThamsanqa ucingo umtshela ukuthi uzozikhokha izinkomo zakhe zelobolo ngokuhlala nenkosikazi yakhe aseyenze eyakhe, umtshela nokuthi useyayifuna ingane yakhe akade emgcinele yona ngenkathi engekho.
- UNkululeko uphinde uxabana noThamsanqa kwaMathonsi, uze ubiza UPhindisiwe ngomkhuhlane womfazi. UThamsanqa kuyamthukuthelisa lokhu, uNkululeko umthebisa ukumdubula.
- UNkululeko uxabana noMaKhangela noPhindisiwe ukhumbuza uPhindisiwe ukuthi nguyena ongaziphathanga kahle ngokuzishelela yena.
- UThamsanqa uxabana noMaKhangela owenqaba ukuthi athathe inkosikazi yakhe nengane yakhe uZiphonzonke ngoba ethi ushaye uPhindisiwe ubusuku bonke, uThamsanqa ugcina ngokuthi uyifuna yonke imali yakhe alobola ngayo uPhindisiwe.
- UNkululeko uphoqelela uPhindisiwe ukuthi aye naye ebhange bayogqokeza. Utshela uMaKhangela ukuthi uma eke wawatshela nje amaphoyisa bayoboshwa bonke ngoba uyiqophe yonke inkulumo yabo.

### ISIPHETHO SEMPENDULO (UVO LOHLOLWAYO):

Umbhali uphumelele ukubhebhethekisa udweshu lwangaphakathi nolwangaphandle luze lufike esicongweni kulo mdlalo. Lokhu kuboniswa yizenzo zabalingiswa ezikhulise udweshu kulo mdlalo nokwenza umdlalo waba noheho.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe, abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.)

[25]

### UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga

- 21.1 UMathonsi uxolisa ngoba bathathe isikhathi abakwaMathonsi ukuza koNkululeko ngenxa yokuthi ubelibebe nomndeni wakhe bedingida olunye udaba.√√ (2)
- 21.2 Umoya wentukuthelo √ uNkululeko ucasulwa ukungabibikho kukaPhindisiwe kanti nguye okuhlanganelwe ngaye kanti uThamsanqa uthukuthelele ukuthi uNkululeko usedelela inkosikazi yakhe ngokuyibiza ngomkhuhlane.√ (2)
- 21.3 Indikimba yalo mdlalo imayelana nobugebengu obuhleliwe/uthando lwemali.√ Ubudlelwano babo bobabili buyithukise indikimba emuva kokuba uNkululeko esephuma ejele kade eboshelwe icala elabe lenziwe uPhindisiwe. Umshayela ucingo ufuna enye imvalamlomo kanye nengane yakhe uZiphonzonke uThamsanqa ayecabanga ukuthi eyakhe.√√ (3)
- 21.4
- UNkululeko, uMaqoma noSikela kanye noPhindisiwe benza isu okuyogqokeza ebhange lapho kwakusebenza khona uPhindisiwe.√
  - Baphoqelela uSarah umngani kaPhindisiwe ukuthi abanike izikhiye zasebhange.√
  - Bavula ebhange bashaqa imali, kwaba nomuntu owayezokhipha imali ebhange wasola ukuthi kukhona okwenzekayo ngaphakathi wase ebikela amaphoyisa baboshwa bonke.√ (3)

- 21.5 Ongenasineke.√ akafuni ukuba kulokhu kukhulunywa eminye imidanti efuna ukucaciswa uSikela yokuthi bangobani√ ufuna basho kuphela abeze ngakho bese beyahamba.√ (3)
- 21.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi akulula umuntu obeyisigebengu ashintshe impilo yakhe√ njengoba uNkululeko ubesejele ethengwe nguPhindisiwe ngemali eyi- R100 000. Akaguquki, uqhubeka ufuna imali kuPhindisiwe enze nobunye ubugebengu nokukhohlisa umndeneni wakwaMathonsi.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
- 21.7 Isizathu sokuba umbhali asebenzise inkathi yamanje ukukhombisa ukuthi esikhathini samanje sebesebenzisa ubugebengu obuhambisana nobuchwepheshe bethekhinoloji futhi obuhleliwe.√ UNkululeko wakwazi ukwenza isithombe nencwadi yomshado okukholekayo esebenzisa ubuchwepheshe.√ UNkululeko nabangani bakhe uMaqoma, uSikela kanye noPhindisiwe balihlela kahle isu lokuyogqokeza ebhange.√ (3)
- 21.8 Umphumela wawungaba mubi ngoba uThamsanqa wayengeke aphinde amethembe uPhindisiwe.√ Wayezomesula emafeni akhe, amxoshe nasemzini wakhe, angayi nokuya eNkantolo ukuyomeseka uPhindisiwe.√ (2)
- 21.9 Ngiyavumelana ngoba uPhindisiwe, uNkululeko nabangani bakhe basenkantolo balahlwa icala lokuntshontsha imali ebhange, bagwetsywa iminyaka eyahlukene.√ UPhindisiwe axolise ngokunikeza uThamsanqa incwadi, uThamsanqa akhumbule izifungo zabo zomshado aze avukwe umunyu, akhale.√ (2)
- 21.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba sivezelwa uPhindisiwe esethunjwe uNkululeko nabangani bakhe baphoqelela uSara ukuba abanike ukhiye wasebhange√. UNkululeko uma sebengaphakathi ebhange ukhomba uPhindisiwe ngesibhamu ukuthi akakhombe enye imali nokuthi akamtsheli ngani ukuthi kunamakhamera lapha ngaphakathi ebhange.√ UNkululeko ushiya uPhindisiwe ngaphakathi ebhange esazitika ngemali kanti akazi ukuthi sekonakele amaphoyisa asebizwe.√ (3)

[25]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

**IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA****ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

<b>Izinkomba</b>	<b>Kuhle kakhulu</b>	<b>Kuhle</b>	<b>Kuyagculisa</b>	<b>Akugculisi kahle</b>	<b>Akugculisi nhlobo</b>
<b>OKUQUKETHWE</b>	<b>6–7</b>	<b>4–5</b>	<b>3–4</b>	<b>2–3</b>	<b>0–1</b>
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.	-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekelwa isihloko -Amanye amaphuzu asekelwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
<b>7 AMAMAKI</b>	<b>3</b>	<b>3</b>	<b>2</b>	<b>1</b>	<b>0–1</b>
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlohlweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.
<b>3 AMAMAKI</b>					

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO:****INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

<b>Izinkomba</b>	<b>Kuhle kakhulu</b>	<b>Kuhle</b>	<b>Kuyagculisa</b>	<b>Akugculisi kahle</b>	<b>Akugculisi nhlobo</b>
<b>OKUQUKETHWE</b>	<b>12–15</b>	<b>9–11</b>	<b>6–8</b>	<b>4–5</b>	<b>0–3</b>
Ukunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.  <b>15 AMAMAKI</b>	-Impendulo enembayo -Impendulo enhle kakhulu -Ukunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekeliwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/Umdlalo luyabonakala.	-Ukumusha isihloko ngokugculisayo akuzona zonke izingxenywe ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/umdlalo.	-Ukunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/umdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/umdlalo.
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>	<b>8–10</b>	<b>6–7</b>	<b>4–5</b>	<b>2–3</b>	<b>0–1</b>
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.  <b>10 AMAMAKI</b>	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlohlweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhloleni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.